# Inselelo kwabafunde eDenmark

MLUNGISI GUMEDE

UNGQONGQOSHE wezoLimo KwaZulu-Natal uMnuz Cyril Xaba uphonsele inselelo abafundi abaphuma esikoleni sezoLimo eDenmark ukuba basungule amapulazi ukuze kudaleke amathuba emisebenzi.

Abafundi abangu-15, bakulesi sifundazwe basanda kubuya eDenmark lapho bethola khona ukuqeqeshwa kwezinyanga ezingu-10, ekolishi elihlonishwayo lezoLimo, iDalum.

"Njengoba senithole lolu qeqesho olunzulu kwezoLimo eDenmark kumele nisungule amapulazi ukuze kudaleke amathuba emisebenzi niqashe intsha yakithi," kusho uXaba.

Uthe ezoLimo zingaba neqhaza elikhulu ekulweni nokuntuleka kwemisebenzi kuleli.

"Ngisho uMengameli Jacob Zuma wabala ezoLimo njengenye yezinhlaka ezibhekwe kakhulu ekuxazululeni inkinga yokushoda kwamathuba emisebenzi kuleli ngesikhathi ethula inkulumo yakhe yesizwe," usho kanje.

UXaba uthe bafuna ukusebenzisa amandla ezoLimo ezinawo ukuthuthukisa iNingizimu Afrika.

"Siyazi ukuthi abamhlophe basenza sangazithanda ezoLimo befuna sizibuke njengomsebenzi owenziwa yizigqila. Siyazi ukuthi lokho babe kwenzelani ngoba babengafuni sazi ukuthi umnotho usemhlabathini kodwa manje iqiniso sesiyalazi, siyabagqugquzela abantu bakithi ukuthi bangene ngempela kulo mkhakha," usho kanje.

IDenmark kuthiwa izwe elihlonishwayo kwezoLimo njengoba ihamba phambili ekukhiqizweni kwezingulube emhlabeni.

Kuthiwa izingulube kuleliya zwe ziningi ukwedlula abantu bakhona.

Omunye wabafundi ababuya eDenmark, uMnuz Qiniso Myeza uthe uphatheke kabi kade elalele izindaba emsakazweni ezwa kuthiwa iningi lentsha yakuleli ayiqasheki ngenxa yokuntuleka kwamathuba emisebenzi.

"Kozakwethu esiphuma nabo eDenmark sibhekene nenselelo enkulu yokuthi sidale amathuba emisebenzi azosiza intsha ngokuthi sisungule amapulazi sisebenzise amakhono esiwafundiswe eDulam," usho kanje.

UNgqongqoshe wezeMfundo KwaZulu-Natal uNkk Peggy Nkonyeni uthe bahlela ukuthi bafake izifundo zoLimo kuzo zonke izikole esifundazweni, ukuze kudalwe amathuba emisebenzi kuphinde kuxoshwe indlala.

Ekhuluma ngesikhathi kwethulwa uhlelo olubizwa ngeSulabalimi eMbilo, uNkk Nkonyeni uphinde waveza ukuthi basezingxoxweni noMnyango wezeMfundo kuzwelonke ngenhloso yokuthi kufakwe izifundo ezikhuluma ngezimayini ezikoleni.

"Uma lolu hlelo esilufisayo lokufaka ezezimayini ezikoleni luba impumelelo, lawo kuzobe kungamagalelo ethu emnyangweni wezeMfundo," usho kanje.



**IZIKHULU zoMnyango wezoLimo KwaZulu-Natal ezihleli phansi kusukela kwesobunxele iNhloko yomnyango uDkt Siphiwe Mkhize, Dkt Tshitshi Mbatha, uNgqongqoshe Cyril Xaba nothisha wasekolishi laseDenmark, uNiels Erik Jesperson, ziphahlwe ingxenye yabafundi abaphuma eDenmark**

Isithombe: MBUYISELO NDLOVU